



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Sengiyakhula / Growing up Nonjabulo, 12 years old, 2006

- NONJABULO:** Sanibona boMama!
TRANSLATION: Hello mothers!
- OMAMA:** Yebo!
TRANSLATION: Hello!
- NONJABULO:** Ngicela ukubuza ukuthi yini le niyenza lapho?
TRANSLATION: Please can I ask what you are doing here?
- OMAMA** Senza izinkwa.
TRANSLATION: We are making bread.
- NONJABULO:** Izinkwa?
TRANSLATION: Bread?
- OMAMA:** Yebo.
TRANSLATION: Yes.
- NONJABULO:** Lezi ezincane kanje?
TRANSLATION: These small things?
- OMAMA:** [Laughter...] Yebo sisi!
TRANSLATION: Yes, sister.
- NONJABULO:** Hawu! Kade ngazi ukuthi yizinkwa!
TRANSLATION: Hawu! I never knew this was bread!
- NONJABULO:** Babhizi lapha omama babhaka, babhaka amakhekhe; babhaka izinkwa babhaka konke nje okubhakwayo.
TRANSLATION: The mothers are busy baking cakes here; they bake bread and all sorts of things.
- NONJABULO:** Ngisho namkhekhe eparty ngiyacabanga bayakwazi ukuwabhaka, ngoba izinto abayibhakayo zimnandi.
TRANSLATION: I think they know how to bake party cakes because the things they bake are delicious.
- NONJABULO:** Kwathi ngelinye ilanga uMama wangithuma lapha esitolo kwaNgoloyi wathi ngoizothenga ngingedwa.
TRANSLATION: It happened that one day MAMA sent me to this shop of Ngoloyi's, she said I should go shopping by myself...

<i>NONJABULO:</i>	Igama lami nginguNonjabulo. Ngihlala eMaranatha ngifunda Okhayeni. Ngineminyaka engu-12. Ngazalelwa ngo-1994, ngenkhathi ngovotwa mina kwathe kuvotwa uMama akavotanga kwathe kuvotwa ngazalwa ngosuku lokuvota. Kwakuwu1994 kuwukhetho.
<i>TRANSLATION:</i>	My name is Nonjabulo. I live at Maranatha and I go to Okhayeni [Primary School]. I am 12 years old. I was born in 1994 at the time of the [first democratic] elections. My mother couldn't vote because I was born on election day.
<i>NONJABULO:</i>	Ngizothanda ukuxoxa ngendaba yami, kusuku lokuqala ngiye eBhambanana uMama engithumile. KwanguMqgibelo ilanga lalishisa, kwakuwu12 iskhathi uMama wathi angigeza ngiye eBhambanana.
<i>TRANSLATION:</i>	I would like to tell the story of the first day my mother sent me alone to Bhambanana. It was a Saturday, and the sun was hot. It was 12 o' clock when she said I should bath and go to Bhambanana.
<i>NONJABULO:</i>	Ngageza ngasaphe ngaqgoka kodwa ngangishaywa luvalo. Wanginika imali ngahamba ngayohayika. Ngathi ngifika nje emgaqweni ngasengiyahayika yangimela imoto. Ngagibela itaxi emhlophe. Yangimela sapha ngahamba.
<i>TRANSLATION:</i>	I bathed and then I got dressed, but I was nervous. She gave me money and I went to hitchhike. I got to the road and then I hiked, and a car stopped for me. I got into a white taxi, it stopped for me and off I went.
<i>NONJABULO:</i>	Bengibona abantu emgwaqweni bahamba abanye bahamba ngamabhayisikili, ngibona nemoto ezidlula, ngibone nengane zidlala emgaqweni abanye batakishi inkuni emgwaqweni lezi abazidayisayo. Ngahamba safika eBhambanana ngafika ngayehla ngakhokha uR4. Ngahamba ngayakuNgoloyi.
<i>TRANSLATION:</i>	I saw people in the road walking, some were riding bicycles. I saw cars passing, I saw children playing in the road, some of them were selling firewood on the road. We arrived at Bhambanana and I got off and went to Ngoloyi's [shop].
<i>NONJABULO:</i>	Sawubona.
<i>TRANSLATION:</i>	Hello.
<i>NGOLOYI:</i>	Sawubona.
<i>TRANSLATION:</i>	Hello.
<i>NONJABULO:</i>	Yebo, unjani?
<i>TRANSLATION:</i>	How are you?
<i>NGOLOYI:</i>	Ngiyaphila, singezwa wena?
<i>TRANSLATION:</i>	I am fine, how about you?
<i>NONJABULO:</i>	Nami ngiyaphila. Ngicela uyichaze wena ukuthi ungubani?
<i>TRANSLATION:</i>	I am fine too. Please introduce yourself, and tell me who you are.
<i>NONJABULO:</i>	Mina nguNgoloyi.
<i>TRANSLATION:</i>	I am Ngoloyi.
<i>NONJABULO:</i>	Ngicela ukubuza leligama lakho elithi Ngoloyi walithathaphi?
<i>TRANSLATION:</i>	I want to ask this about this name of your's Ngoloyi. Where did it come from?
<i>NGOLOYI:</i>	Awungakhulela ngako ukhona umama owasikhulisa uMama uGatsheni. Wangiqhatha ngalelo gama ngidla isikhokho yena abe epheka iphalishi. Mabeka ibhoto uNgoloyi ugijimela ibhoto besafaka ubisi besadla

- TRANSLATION:* wangiqhatha ngalelo gama wathi nginguNgoloyi sukela namuhla. Ehe. I grew up with it. There was a mother who raised us, Mama Gatsheni. She gave me this name because I always ate the crust at the bottom of the pot when she cooked porridge [called *ngoloyi* in isiZulu]. When she put down the pot, I would run for the pot and we would put milk into it and we would eat it, and she gave me the name Ngoloyi, that stays with me even until today.
- NONJABULO:* Oh, ngiyabonga!
TRANSLATION: Oh, thank you!
- NONJABULO:* Ngafika eBhambanana ngangiyothenga inyama nama tea bags nobisi lwengane neyeast uMama wayezobhaka ngayo suka apho ngayoshaya esisefeni uNgoloyi wayeshaya kulesisisefo esinye esisibili.
TRANSLATION: I got to Bhambanana and I went to buy teabags and baby's milk and yeast – Mama was going to bake – and then I got to the till and Ngoloyi was at that till – the second till.
- NGOLOYI:* Ngiyakhumbula wena uthenga lapha, ngasho futhi lokuthi wayithathaphi ngakubuza lokuthi uyithathe kubani imali engaka, ngathi unemali eningi uyukhumbula lokho?
TRANSLATION: I remember you buying here, I also said “Where did you get... I asked “Who did you get such a lot of money from?” I said you had a lot of money, do you remember this?
- NONJABULO:* Yebo.
TRANSLATION: Yes.
- NONJABULO:* Ezinye ingane zikhe zifike yini zikubuze zikunike imali eningi?
TRANSLATION: Have other children come here and asked you and given you all their money?
- NGOLOYI:* Bakhona abafika ke banginikeze imali eningi yha bakhona.
TRANSLATION: There have been others who have come here and given me a lot of money, yes there have been.
- NONJABULO:* Wanginikeza ushintshi uNgoloyi umnikazi wesitolo. Suke lapha ngayifaka esikhwameni ngaphuma suke lapha ngahamba, ngangayitholi imoto engizohamba ngazo. Sapha ngahamba ngayo hiker lapho oMama wayethenga, ngayangimela itaxi ebomvu, ngasukela apho ngahamba ngathi sengilapha ngasetangini empompeni ngafika ekhaya wabuka uMama ukuthi izinto ngizithenge zonke yini.
TRANSLATION: Ngoloyi, the shop owner gave me change. And then I put it into the purse and I went outside. But I didn't find transport. So I went and hitchhiked over there where my mother said I should. I hiked and got on – a red taxi stopped for me – and then I got off at the water tank at the [community] tap and I got home and Mama looked at everything I had bought to see if everything was there...
- NONJABULO:* Eh sesihambile ke sesidlulile kwaMbusi sahamba sesifikile ke lapha emholweni kwaMoyani. Ngibona amathende abantu bamise amathende nemoto ziningi kukhala amareddyo. Sesizoya kuMama sesiyomqopha. Lapha indawo yakhona inesihlabathi, abantu badayisa umoba, baningi abantu baphethe iyingane, badayisa iyimpahla badayisa amagwinya badayisa amaorange sizomqopha uMama ke lapha.
TRANSLATION: Oh we are going, we are crossing at Kwambuzi and arriving here at the pension pay out at Moyani. I can see tents that people have put up, tents and many cars and radios playing. We are going to my mother to record her. In this place there is lots of sand, eh people are selling sugarcane, many people are carrying children, they are selling clothes

and *vetkoeks* and they sell oranges. We will record my mother here.

MAMA: Yebo ntombi yami.
TRANSLATION: Hello my girl.

NONJABULO: Unjani?
TRANSLATION: How are you?

MAMA: Ngiyaphila, kunjani wena?
TRANSLATION: I am fine, how are you?

NONJABULO: Ngiyaphila nami. Ngicela ukubuza, ukuphi lapha?
TRANSLATION: I am also well. I want to ask - where are we?

MAMA: Sisemholweni lapha sizodayisa.
TRANSLATION: We are here at pension day to sell.

NONJABULO: Sidayisa ini?
TRANSLATION: What are you selling?

MAMA: Sidayisa iyimpahla amagwinya ubhontshisi, nokuhamba sihamba sibona nendawo.
TRANSLATION: We sell clothes and *vetkoek* and beans. We go and sell at different places.

NONJABULO: Manje amajakethi ojini yimalini?
TRANSLATION: Now how much are the denim jackets?

MAMA: Lamajakethe ojini kuya ngokuthi wena uqhoka usayizi bani, uma uyisidudla uqhoka ngoR80, nawusilenda uqhoka ngoR70. Neyikethi nazo zibiza kanjalo oyisidudla udla kakhulu naye nasemalini.
TRANSLATION: The denim jackets depend on what size you wear. If you are fat you wear a size that costs R80. If you are slender, you wear a size that costs R70. The skirts also are priced like that: if you are fat you eat a lot and it's the same with money.

NONJABULO: Oh. Ngalesi sikhathi ungithume eBhambanana kulusuku lwami lokuqala lokuthi ngiye eBhambanana wawucabangeni ukuthi uzungithume eBhambanana?
TRANSLATION: The time you sent me to Bhambanana the first day I went shopping alone at Bhambanana, what were you thinking when you sent me?

MAMA: Ekhaya kukungisiza nje ngiyakuthuma ungenzise ufulawa. Ngikuthume nasemfuleni uhambe uyongikhelela amanzi. Ngithume nangokuthi ungibambele ingane. Uyisizo olukhulu nje kimi. Ngangifuna ukubona ukuthi sowukhulile yini sengakhona ukukuthuma noma phi.
TRANSLATION: At home you help me: I send you on errands, you make flour for me. I send you to the river to get water. You look after the baby. You are a great help to me. I wanted to see if you were grown up enough for me to send you anywhere.

NONJABULO: Ngalenkathi selengihambile wawuzizwa unjani?
TRANSLATION: At the time when I had just gone, how did you feel?

MAMA: Nganginakhululekile kahle kodwa ngakhululeke sengikubona ubuya.
TRANSLATION: I didn't feel too relaxed, but I relaxed when you were safely back.

NONJABULO: Wawuzizwa unjani ukuthi ngikwazi yini ukuyihayikela mhlampe banginqume wawuzizwa unjani?
TRANSLATION: How did you feel about me knowing how to hitchhike or perhaps

thinking that my head might be chopped off, how did you feel?

MAMA: Nganginalo futhi ithemba lokuthi angekhe bakunqume ngoba baningi abanye engibabone behayikha bancane njengawe!

TRANSLATION: I didn't believe that anyone would chop your head off because I see many others your age who hike!

NONJABULO: Oh! Ngenkathi ungithume eBhambanana izinto ngabuya nazo ziphelele noshintshi wawuphelele?

TRANSLATION: Oh! The time you sent me to Bhambanana, did I bring back enough things and was there the right change?

NONJABULO: Wawuphelele ushintshi kodwa izinto kwakukhona okushodayo kodwa anginabanga inkinga ngalokho ngoba ngangazi ukuthi vele ngiyaqala ukukuthuma.

TRANSLATION: The change was right but there was something missing. But I didn't get upset about it because I knew it was the first time I was sending you.

NONJABULO: Eh Mama kukhona yini ofuna ukukusho okunye?

TRANSLATION: Eh Mama, is there anything else you want to say?

MAMA: Akukho engakusho, kukubonga nje ukuthi ngiyabonga ukuthi sowukhulile usazokwazi ukuphila nawe, ngiyajabula uma ukwazi ukungibuza imibuzo efana nale ekhomba ukuthi ingqondo yakho isivulelekile. Iyakhula.

TRANSLATION: Nothing else, just to give thanks that you have grown and you are still learning how to grow. I am happy that you know how to ask questions like this, it shows that your mind is open. [Your mind] is growing.

NONJABULO: Ngenkathi ngihamba okokuqala ngangizizwa nginovalu futhi sekukaningi ngiphindela eBhambanana uMama engithuma, angisangishayi manje uvalo uma engithumile.

TRANSLATION: The first time I went to Bhambanana I felt nervous, but I have been sent by Mama many times now and I don't feel nervous anymore when she sends me.



For further information contact:

Helen Meintjes
HIV/AIDS Programme, Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404



**Zisize
Educational Trust**
Working Towards a
Brighter Future in South Africa

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500



Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm